# USARS ucija ukugxila kwawo kumaThrasti

**Tshwane, 28 kuMandulo 2022 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) unyusa ukugxila kwawo kumaThrasti ngokuqala uhambo lokwenza indlela yokuhlinzeka usizo ibe ngeyesimanje futhi ethuthukile kule ngxenye yabakhokhintela. Lokhu kwenza ngcono kuhlose ukwenza kube lula kumaThrasti ukuba athobele izibophezelo zawo ngokomthetho.

Kulandela lokhu okungenhla, uSARS wenze uhlaziyo olunzulu ngesimo esikuso manje ngokuthobela imigomo kwamaThrasti nabahlomuli bawo ukuthola ukuthi ngabe wonke amaThrasti nabahlomuli bawo bawathumele na amafomu abo entela yemalingeniso aminyaka yonke. Uma bewathumela, kubhekwe ukuthi ngabe amafomu aveza ngokuphelele futhi ngeqiniso isimo sabo sentela kanjalo nezibophezelo zabo zokukhokha kufeziwe na.

USARS usebenza ngokuzikhandla ukunyusa nokunwenwisa ukusetshenziswa kwemininingo. Ngokulandela le nqubo, uSARS usuhlonze abahlomuli abaningi bamaThrasti abathole izabelo kodwa abangawathumelanga amafomu entela yemalingeniso ngokuhambisana nezibophezelo zabo ngokomthetho njengokwesaziso somphakathi saminyaka yonke ngaphansi kwesigaba sama-25 soMthetho Wokuphathwa Kwentela 23 kowezi-2011.

Laba bahlomuli babandakanya izinkampani, abantu kanye namaThrasti okumele bathumele amafomu entela yemalingeniso asilele ngokushesha. Ukuhluleka ukulungisa lokhu kungathobeli, uSARS uzosebenzisa okuhlinzekelwa umthetho okungase kubandakanye izenzo ezifana nokwenza uhlolo lokucabangela, ukubiza inzalo nezinhlawulo kanjalo nezigwebo zamacala obugebengu.

Ngokuhambisana namasu okuphokophelwe okuhlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso ukuze abakhokhintela bakwazi ukuthobela izibophezelo zabo ngokomthetho njengokwesidingo somthetho, inkundla yesikhashana yokubhalisa ku-inthanethi (i-SOQS) iyatholakala ukulekelela nokuvumela amaThrasti ukuba abhalise kwaSARS. Le nkundla uyakwazi ukungena kuyo ngokusebenzisa isixhumanisi: [SARS Online Query (2.0.0.0 (Prod))].

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uthe "uSARS uzosebenzisa zonke izindlela ezihlinzekelwe kumthethonqubo uma abakhokhintela abangamaThrasti nabahlomuli bawo begwema ngenhloso izibophezelo zabo ngokomthetho. Kodwa-ke, abakhokhintela bamaThrasti nabahlomuli bawo bangakwazi ukulungisa izindaba zabo zentela ngokusebenzisa uHlelo Lokudalula Ngokuzikhethela lwakwaSARS (i-VDP) olutholakala futhi ongangena kulo ngokusebenzisa inkundla ye-eFiling".
Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za